



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

2019

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-29.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.
3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | |
|----------------------------------|------|
| ISIQEPHU A: Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: Izinkondlo | (35) |
4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE.

ISIQEPHU A: INOVELI
Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

ISIQEPHU B: UMDLALO
Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

ISIQEPHU D: IZINKONDLO
Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.
5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.
6. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.
7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.
8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

OKUQUKETHWE:

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| ISIQEPHU A: INOVELI | | |
|---|----------------|---------------|
| Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
| 1. <i>Ithemba Lami</i> | 35 | 5 |
| 2. <i>Kusinda Kwehlela Endodeni</i> | 35 | 8 |
| 3. <i>Umshado</i> | 35 | 11 |
| ISIQEPHU B: UMDLALO | | |
| Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
| 4. <i>Ababulali Benyathi</i> | 35 | 14 |
| 5. <i>Icala Kaliboli</i> | 35 | 18 |
| 6. <i>Isiko Nelungelo</i> | 35 | 21 |
| ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE | | |
| Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe. | | |
| 7.1 'Lapho Kukhona Uthando' | 18 | 24 |
| 7.2 'USihawu Nesihawu' | 17 | 25 |
| ISIQEPHU D: IZINKONDLO | | |
| Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izinkondlo ezihloliwe. | | |
| 8.1 'Ngiyogiya Ngiqephuze' | 18 | 27 |
| 8.2 'Inhlansi Yakho Thuli' | 17 | 28 |

Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|--|----------------------------|----------------------------|----------------------------------|
| A: INOVELI | 1–3 | 1 | |
| NOMA | | | |
| B: UMDLALO | 4–6 | 1 | |
| NOMA | | | |
| C: IZINDABA EZIMFISHANE | 7 | 1 | |
| NOMA | | | |
| D: IZINKONDLO | 8 | 1 | |
| QAPHELA: Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

ISIQEPHU A: INOVELI**UMBUZO 1: ITHEMBA LAMI – LF Mathenjwa**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA A

'Musa ukungibhedela wena ekuseni. Bengizoya eMpangeni ngazi bani khona? Uma inyanga yakho ikutshela ukuthi ingiphephethe yangibhekisa eMpangeni ushaye phansi, nayo ibidlala ngawe.'

'Usho kahle phela ingani wesaba ukuthi hleze sengiye kulena yaleli sokana lakho elelashwa khona lena eMpangeni. Akusasizi ukufihla kwakho sezifikile nakithi. Amasoka enu asedliwa ubusoka bawo baseThekwini, niyohamba nisishiye nibuye nisifice **siyimiqemane** thina boZabalaza singenangculazi.' 5

'Ngikutshela-ke mina owami uSandanezwe usesibhedlela lapho ekhona, hhayi ezinyangeni njengoba usho. Anobuza sinitshela hhayi ukukhuluma into ongayazi.'

'Sengathi kodwa ongazi nguwe ngoba loyo muntu kade asuka lapho wamgcina khona, ngikhuluma nawe nje ule eMpangeni lapho elashwa ingculazi khona. Ngiyasola uyilinde lapho ingalele khona, futhi uma ubusamfihla khohlwa sesiyamazi.' 10

'Angifuni nakuwuzwa lo mbhedo owushoyo, engikutshela khona kunye ukuthi hlukana nami nginesoka lami engilithandayo futhi ngiyolilinda noma ngabe likuphi-ke anginandaba.' 15

'Nami ngigabe ngokuthi ekugcineni uyongikhumbula. Ingabe usakuthanda yini loyo muntu othi uma eshintsha izindawo angakuthinti? Ubobheka ungasali ubambe udonga njengemfene.'

'We mfokazindini ake wehlukane nami; kade ngakutshela ukuthi sengikhathele yile noSandanezwe wami.' 20

- 1.1 NgokukaZabalaza ukuphi uSandanezwe njengoba bexoxa ngaye nje kulesi siqeshana? (1)
- 1.2 USandanezwe wayesebenza kuliphi idolobha ngaphambi kokuthi axinwe ukugula? (1)
- 1.3 NgokukaZabalaza uSandanezwe uphethwe yini? (1)
- 1.4 Umnumzane wabahlawuliselani oZabalaza, uJiyane kanye noNomgedla? (1)
- 1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: '**nisifice siyimiqemane**' sisho ukuthi:

- A Nisifice sigula kakhulu.
- B Nisifice siphila kahle.
- C Nisifice sesashona kudala.
- D Nisifice sesiguge kakhulu (1)

- 1.6 Tomula amazwi/amagama asesiqeshini akhombisa ukuthi uNokulindela wayazi ukuthi isoka lakhe lelashwa ngodokotela. (1)
- 1.7 Chaza kafishane ukuthi yini eyenza uZabalaza atshele uNokulindela lezi zindaba ezimbi gesoka lakhe. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 1.8 Bhala izindlela EZINTATHU uSandanezwe azama ngazo ukwelapha isifo esasimphethe. (3)
- 1.9 Ubukhona bukaZabalaza kule noveli bulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 1.10 Hlaziya isakhiwo sale noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.
- 1.10.1 Isingeniso (2)
- 1.10.2 Isiphetho (2)
- 1.11 UZondiwe kule noveli uvezwe njengomlingiswa onothando futhi omkhathalele umzala wakhe uSandanezwe. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

ISIQESHANA B

'Nokulindela dade waphela nje kwenzenjani, usukhumbule uSandanezwe yini? Ubolinda dade, nathi usibona nje selokhu sabalinda oKhumbulani. Silinde nje sikholelwa yikho ukuthi lapho bekhona basasikhumbula noma bengabhali nje.'

'Wo-hhe dade, ushiso ukungazi wena Sebenzile, thina umhlaba usishaye uqobo lokusishaya, futhi angazi ngizothini.' Lapho zithi **pho ... pho ... pho ...** izinyembezi. 5

'Mhlawumbe oKhumbulani laba banyamalele nje basengabantu, hhayi okwethu esithwele inzilo sihamba.'

'Hawu! Uthini manje Nokulindela ngoba mina bengithi ngiyazintelela nje? Uchaza ukuthini ngokuthwala inzilo? Musa ukuhlelela uSandanezwe ibhadi wena esaphila.'

'Eqinisweni dade ushiso ukungazi, kodwa-ke ngizokutshela njengomngani wami, 10
nakuba nami ngingakabi nalo iqiniso eligcwele ngale ndaba. Le ndaba engiphethe kabuhlungu yindaba kaSandanezwe. USandanezwe wasuka lapha waya esibhedlela esiwe ngumzawakhe, manje kuthiwa esibhedlela lapho bathola ukuthi unalesi sifo esingelapheki ingculazi. Kuthiwa-ke wabeseshiya esibhedlela, kumanje nje bamkhomba ngapha eMpangeni lapho kuthiwa welashwa khona. Into 15
engiphethe kabi ukuthi mina njengengoduso yakhe zonke lezi zinto sengizizwa ngosizwile, yena akazange angazise, futhi akabhali ngisho ukubhala kodwa lokhu.'

Washo zehla ubuqathaqatha futhi. 'Ngiyayizwa dade ingxaki yakho futhi ngiyezwelana nawe kodwa mhlawumbe uSandanezwe unesizathu sokuthi angakutsheli ngalokho. 20

- 1.12 Banabuphi ubudlelwane laba balingiswa abaxoxayo kulesi siqeshana osifundile? (1)
- 1.13 Ngobani labo sizwile abhekise kubo uNokulindela? (1)
- 1.14 Fingqa ngamaphuzu AMABILI izinto eziphethe kabi uNokulindela ngokwalesi siqeshana osifundile. (2)
- 1.15 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwesenzukuthi: '**pho ... pho ... pho ...**' kusetshulela muphi umqondo ngesimo somlingiswa onguNokulindela kule ngxoxo yabo kulesi siqeshana sendaba? (2)
- 1.16 Abafundi bangazuzani ngokufunda le noveli? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 1.17 Ngokucabanga kwakho kuyahambisana yini nosikompilo lwesizwe esimnyama ukuthi izinyanga zisebenzise izitho/izicubu zabantu uma zelapha abagulayo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 1.18 Ngokubona kwakho kwakumele uSandanezwe akukholwe yini lokho okwakushiwo yizinyanga, abathandazi kanye nezangoma ezazimhlelela? Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.19 Ukuba wena wawungomunye wabomndeni kaSandanezwe wawuyomeluleka uthini mayelana nalesi simo sokugula ayebhekene naso? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

UMBUZO 2: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA C

| | |
|---|----|
| Uqinisile lapho mkami, kodwa lokho akusho ukuthi thethisa umama njengengane. Ukhulume umathanda kuye, uze umkhombe ngomunwe. Ake ngikubuze. Wena kungakujabulisa yini uma ngingathethisa umama wakho phambi kwengane naphambi kwakho na? Ungephatheke kabi? Ngineqiiniso unghahlala ungangikhulumisi izinsukwana. Akunjalo? | 5 |
| 'Phela owami umama uyakuhlonipha. Awukaze umuzwe ekhulumisana nengane ngokuhamba kwayo, futhi akafuni ukuhlala nani bakhwenyana emizini yenu.' | |
| 'Uqonde ukuthini manje? Ngabe uqonde ukuthi umama owafuna ukuba azohlala nathi? Angithi wena indaba uyazi kahle. Ngabe ufuna ukungitshela ukuthi uma umama wakho engasala yedwa lapha kini, ungeke umthathe umlethe lapha ahlale nathi?' | 10 |
| 'Yobe, ayidle izibekele Ndabezitha. Ngiyaxolisa Macingwane omkhulu. Ngicela sibonisane ngale ngane engakafiki kuze kube manje. Awubheke nje ukuthi sikhathi sini manje. Sekushaya ihora lesibili ekuseni ayikafiki namanje le ngane, ngabe kwenzenjani namuhla?' Umakoti eseshintsha inkulumo. | 15 |
| 'Ngathini kuwena ngale ngane ifika ebusuku kakhulu ngoMgqibelo na? Angishongo ukuthi khuluma nayo na? Angithi wena lo kuthangi ngikubuzisa ukuthi usukhulumile nayo, wathi yebo?' esho ngokufutheka uyise wentombazane. | |
| 'Ngakhuluma nale ngane. Ngakhuluma nayo kabanzi ngokubuya ebusuku kakhulu, yangithembisa ukuthi isizobuya lingakashayi ihora leshumi.' | 20 |
| 'Pho manje ngabe alikashayi ihora leshumi na?' | |

- 2.1 Ngubani lo mama okukhulunywa ngaye kulesi siqeshana? (1)
- 2.2 Bhala OKUKODWA okwacasula uFanyana okwenziwa ngumakoti kumama wakhe. (1)
- 2.3 Yiluphi usuku abuya ebusuku kakhulu ngalo phambilini lo mzukulu kagogo? (1)
- 2.4 UManyoba wazithuthukisa kanjani ngesikhathi esebenza eGoli? Bhala iphuzu ELILODWA. (1)
- 2.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Isimo sokukhuluma esithi: **'ayidle izibekele'** sichaza ukuthi:
- A Qhubeka ungithethise.
- B Ngiyaxolisa kakhulu.
- C Ngiyahamba manje.
- D Ngicela ukudla. (1)
- 2.6 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi umama wentombazane wake wazama ukweluleka ingane yakhe ngokuhamba ebusuku. (1)

- 2.7 Chaza kafishane ukuthi yini eyenza uManyoba agcine engasezwani kahle namadodana akhe ngesikhathi engasasebenzi. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 2.8 Bhala izigameko EZINTATHU ezahlukene zokuhlukumezeka kukaManyoba empilweni yakhe kule noveli. (3)
- 2.9 Ubukhona bukaMaNene bulukhulisa kanjani udweshu kule noveli? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 2.10 Hlaziya isakhiwo sale noveli ubhekise lezi zihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.
- 2.10.1 Isingeniso (2)
- 2.10.2 Isiphetho (2)
- 2.11 Umfundisi uZakwe kule noveli uvezwe njengomlingiswa onothando futhi obakhathalelayo abantu. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

ISIQESHANA D

'Ninemali yokuganga, mina bengingeke ngisalungena. Obaba nomama badala bayakwazi abakwenzayo. Abalahlekile. Kukhona abafuna ukukwenza bebobabili, abasanidingi nina.'

'Usho ngoba kungebona abazali bakho. Ngiphe ukudla ngidle, ngilale kukude eMnambithi.' Badle. Balale. Avuke aqonde eMnambithi kusempondozamnenke. 5

Kwadlula amasonto ambalwa kungekho noyedwa kubona owacabanga ukuyofuna ekhaya ngoba becabanga ukuthi baduka nezwe. UMduduzi uyena kuphela owayefunda iLanga laseNatali ngoba yena wayengafundanga kakhulu ethanda ukufunda ezemidlalo. Uma engena esitolo nanti ibhodi, abone kwiLANGA LASENATALI: 10

'INDODA YASEMACHUNWINI IBAMBE ISIZUMBULU SEMALI.'

Alithenge efisa ukubona ukuthi ubani le ndoda ebambe isizumbulu.

'Hawu! Ngiyaphupha ngilele yini. Ubaba phela lo.'

Akabange esachitha sikhathi washayela abafowabo ucingo ukuthi abathenge iLanga laseNatali bangalenzi iphutha. Abafowabo balithenga, balifunda nabo leli phepha, bashayelana izingcingo bakhuluma ngale ndaba besho nokusho ukuthi kufanele baye emcimbini owawuhlelwe kulo iphepha leli. Bahlanganisa inkulumo yokuxolisa ngokwenzeka kubazali babo. 15

Ukubamba iLotho kukaManyoba, kwenza ukuba avezwe nomkakhe emaphephandabeni esiZulu nesiLungu. Kwamakhela umkhanya lokhu ngoba ngisho nezingane zababona ephepheni, zabona ngisho nesamba abasiwina, naye-ke wamemezela umcimbi wakhe kuwona amaphephandaba lawa. Lo mcimbi waba nedumela nesasasa elikhulu endaweni kangangoba wawethanyelwe izintatheli eziqhamuka kude naseduze. 20

- 2.12 Banabuphi ubudlelwane laba balingiswa abaxoxayo ngasekuqaleni kwalesi siqeshana osifundile? (1)
- 2.13 Ngobani laba athi umama wekhaya abazali babo abasabadingi? (1)
- 2.14 Fingqa ngamaphuzu AMABILI izinto eziphethe kabi ubaba wekhaya ngokwalesi siqeshana osifundile. (2)
- 2.15 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwegama elithi: **'ISIZUMBULU'** kusehulela muphi umqondo ngesimo sempilo yomlingiswa onguManyoba esingasilindela kusukela kulesi sikhathi. (2)
- 2.16 Abafundi bangazuzani ngokufunda le noveli? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.17 Ngokucabanga kwakho kuyahambisana yini nosikompilo lwesizwe esimnyama ukuthi abazali uma bengasakwazi ukuzondla/sebekhulile bahlaliswe ngokwehlukana? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.18 Ngokubona kwakho kwakumele yini ukuthi uManyoba angabe esawapha ngisho encane nje imali amadodana akhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 2.19 Ukuba wena wawunguMirriam wawuyobeluleka uthini abafowenu mayelana nenkinga abase bebhokene nayo abazali benu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]

UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA E

'Ubani-ke lobaba ohamba ethetha laphaya Sifiso?'

'Sengathi ubaba kaTholi impela loya. Konje nathi wavuma ukuba uTholi azoshada nawe futhi?'

'Ngiyaqala ukumbona mina Sifiso. Umuntu obehla enyuka namalobolo yilo baba okuthiwa uZenze.'

5

Athule uSifiso. Kubonakale ukuthi kukhona okungamenelisi kahle. 'Kodwa yini le engiyenziwa uTholi madoda!' UBheki uyabalisa uselahla ithemba. Akhumbule indaba kaBhatomu. Asole ukuthi kokunye uTholi usethunjwe uBhatomu nje. Abone ukuthi uzophoxeka. 'Akuphume enye imoto iyocinga laba bantu madoda.' Ubhekise kulaba abamphelezelayo uBheki.

10

'Yehlisa umoya ndoda uyeza umakoti,' kusho omunye. UBheki akasakhululekile neze manje. Athi esaqalaza abone umalume wakhe.

'Kwangcono.'

'Uyababona yini?'

'Cha, ngibona umalume. Bengithi ngeke eze lapha emshadweni wami.'

15

Isikhathi sihambe. Lutho umakoti. Usecasukile manje uBheki. Umfundisi athi abangene manje abakwamkhwenyana. Bavume. Bangena nje uBheki **uyazihudula**. Yilokhu ebheka emuva into engapheli. Abone ukuthi kusobala ukuthi isu likaBhatomu lisebenzile. Axakwe ukuthi abasezi ngani ukuzobika uma kukhona ingxaki.

20

Kuzwakale umsinjwana phandle. Yibo oTholi. Abazilungisile bayaconsa. Ukhona noPamella. Akhululeke kancane uBheki. Umfundisi athumele ukuthi abangene ngokushesha. Nempela bangene. Kukikizwe, kuchwaze esontweni.

- 3.1 Ngubani uZenze? (1)
- 3.2 Sizathu sini esasenza uBhekani acabange ukuthi ngeke eze emshadweni umalume wakhe? (1)
- 3.3 Ngobani laba athi umfundisi abangene ngokushesha kulesi siqeshana? (1)
- 3.4 Yini eyayimphethe kabi uBhekani kulesi siqeshana? (1)
- 3.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi: '**uyazihudula**' sisho ukuhamba ...

- A ngokwenqena.
B ngokushesha.
C ngokugijima.
D ngokubaleka.

(1)

- 3.6 Tomula amazwi/amagama asesiqeshini akhombisa ukuthi umalume kaBhekani wayekhona emshadweni. (1)
- 3.7 Chaza kafishane ukuthi kungani umama kaBhekani wayengahambisani nalokho ayekutshelwa nguBhekani mayelana nokugula okwakulalise uTholakele esibhedlela. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 3.8 Bhala izigameko EZINTATHU uBhekani angazithandanga phakathi kukaPamella noTholi kule noveli. (3)
- 3.9 Ubukhona bukaBhatomu kule noveli bulukhulisa kanjani udweshu? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 3.10 Hlaziya isakhiwo sale noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo: Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana NGASINYE.
- 3.10.1 Isingeniso (2)
- 3.10.2 Isiphetho (2)
- 3.11 ULindiwe kule noveli uvezwe njengomlingiswa onothando futhi omkhathalele uBhekani. Fakazela lokhu ngokubhekisa ezehlakalweni ezikule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

ISIQESHANA F

'Kanti nalishonisaphi ilobolo Tholi?' Ubuza ngokuhleba ecasukile manje uBheki. Athi engakaphenduli uTholi umfundisi athi akuqhutshekwe. UBheki useyagula ephoxeka kangaka endaweni yakubo. Nokho aziduduze ngokuthi isiwombe esidlulayo nje lesi. Umfundisi amemezele ukuthi ofuna ukuwumisa umshado angawumisa noma ayeke unomphelo. **Kumfome izithukuthuku** kuBheki. Ucabanga ngoLindiwe. Umfundisi angasheshi ukulivala leli thuba. Axakeke uBheki ukuthi umfundisi wenzani manje. Esabe uBheki sengathi kuzoze kusukume ozothikazisa. Kuthi uma umfundisi ethi akuqhutshekwe, aphumule. Afise sengathi ngabe uyabonga kuLindiwe. Akabange esaqhubeka nokho umfundisi. Wathikaziswa abelungu abaphoseka khona endlini yesonto lapho. Kwakuyizinsizwa ezimbili nentokazi eyodwa. Intokazi le isifakwe ozankosi. Benyuke laba belungu baqonde emsamo lapho kuhleli khona abashadayo. Bathi ukukhuluma bodwa laba belungu. Ikhombe umakoti le ntokazi efakwe ozankosi. 5

UBheki wathi ethi jeqe wabona ukuthi uPamella lo oseboshiwe. Uthe ethi uyasukuma; bamhlalisa phansi. Lezi zinsizwa ezimhlophe ezimbili kwacaca ukuthi amaphoyisa. Elilodwa iphoyisa lakhipha izinsimbi labopha umakoti. UBheki kwakusengathi uyaphupha. Wasuka walandela amaphoyisa ayesehamba noTholi. Kwasuka omkhulu umsindo esontweni. 15

'Yini Tholi? Niboshelwani?' kubuza uBheki ekhala. 20

'Ubofika ecaleni mntakwethu.'

Akabange esakwazi nokuvalelisa uBheki. Umakoti noPamella base begcwele evenini ngemuva. Bayisusa ngokukhulu ukushesha lokhu abafana babelungu. Yanyamalala ngokushesha.

- 3.12 Banabuphi ubudlelwane laba balingiswa abaxoxa esigabeni sokuqala salesi siqeshana? (1)
- 3.13 Ngobani laba abathatha ilobolo kubakhongi bakaBhekani? (1)
- 3.14 Fingqa ngamaphuzu AMABILI izinto ezaphoxa uBhekani ngalolu suku. (2)
- 3.15 Chaza ukuthi ukusetshenziswa kwesisho: '**ukumfoma kwezithukuthuku**' kulesi siqeshana kusethulela muphi umqondo ngesimo sikaBhekani kulo mshado. (2)
- 3.16 Abafundi bangazuzani ngokufunda le noveli? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 3.17 Ngokucabanga kwakho kuyahambisana yini nosikompilo lwesizwe esimnyama ukulobola umfelokazi esazilile? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 3.18 Ngokubona kwakho kwakumele yini uBhekani awakholwe amaphupho kayise? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 3.19 Ukuba wena wawungomunye wabomndeni kaLindiwe wawuyomeluleka uthini mayelana nokubuyela kuBhekani ngoba sekuboshwe uTholi? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

[35]**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

ISIQEPHU B: UMDLALO**UMBUZO 4: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA G**(Bahleke bonke)**

| | | |
|-----------|--|----|
| DUMA: | (<i>ekhomba uMaShezi</i>) We MaShezi! Musa ukudlala ngoMbandlwa. Angangena kanjani esikoleni eselugodo oludala kangaka? (<i>ahleke</i>) | |
| MBANDLWA: | Udlala ngami ngempela uMaShezi. | |
| MASHEZI: | (<i>ehleka</i>) Hhayi-bo! Nami ngiyazincokolela nje. Angihambe ngiyobona izimbiza zami. (<i>asukume aphume</i>) | 5 |
| DUMA: | Mbandlwa mfowethu, emhlanganweni ngizokwethula uhlelo lokudonsa amanzi ngamapayipi umuzi nomuzi. Engethemba ukuthi lokho kuyisidingo esibaluleke kakhulu esizweni. | |
| MBANDLWA: | Kuyosiza nokuthi nalaba bantu abathi uzenza inkosi babone ukuthi ubalulekile kubo. Futhi ngiyakutshela bayophenduka balifele ngamathe elenkosi izwi. | 10 |
| DUMA: | Mina angifuni balifele ngamathe elenkosi kodwa yiyo inkosi eyokwenza ukuthi abantu balifele ngamathe elayo izwi. Kodwa uma kusekhona abantu abanjengoDlamini, sengathi akukezulunga ngempela. | 15 |
| MBANDLWA: | (<i>achithe izandla</i>) Hhayi, khohlwa yilowo. Naye uzoyibona intuthuko maqede abone ngokunye. Okwakobani ukukha amanzi empompini ngezansana kwendlu? | |
| DUMA: | Wowu! Umuntu ongukhandaqinile akakuboni ubuhle obenziwa ngumuntu amzondayo. Phela uyangizonda uDlamini. Asimyeke uDlamini okwamanje. Indlela obeka ngayo inginika ithemba. Mbandlwa, ngicela usho uma ngabe unenkinga nge- <i>air time</i> futhi ungajwayeli ukuwuvula umakhalekhukhwini wakho. | 20 |
| MBANDLWA: | Cha, okwamanje ngisenayo. Phela kuseyiyo lena owanginika yona. Uzame-ke ukucupha isisoka enkulumweni yakho ngosuku lomhlangano. Angifuni ukubona umholi wami ebhibhidla phambi kwabantu. | 25 |

- 4.1 Yiluphi lolu hlelo uDuma ayezolwethula emhlanganweni womphakathi ngokwalesi siqeshana osifundile? (1)
- 4.2 Ngubani lo Dlamini okuvela igama lakhe kulesi siqeshana? (1)
- 4.3 Ngokwalesi siqeshana wayenzani uMaShezi ngesikhathi uMbandlwa noDuma beqhubeka nengxoxo yabo? (1)
- 4.4 Babunjani ubudlelwane phakathi kukaDlamini noDuma? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 4.5 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi abantu bakule ndawo bathi uDuma usezenza inkosi. (2)

- 4.6 Tomula ibinzana lamagama esiqeshini afakazela ukuthi uMbandlwa ubona sengathi uDlamini uzoguqula umqondo wakhe uma eseyibona intuthuko. (1)
- 4.7 Chaza okungefani phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo: uDuma noSayitsheni. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)
- 4.8 Ubukhona bukaMazongolo kulo mdlalo kwaba namthelela muni esimweni senhlalo phakathi kwabalandeli benkosi kanye nabakaDuma? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 4.9 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo sisho umuntu:
- 'Umuntu **ongukhandaqinile** akakuboni ubuhle obenziwa ngomuntu amzondayo ...'
- A ohlakaniphe kakhulu.
B ongawushintshi umqondo.
C ozonda abanye.
D othanda amasiko. (1)
- 4.10 Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.11 Yikuphi kulo mdlalo okukhombisa ukuthi amanye amakhosi akwezinye izindawo ayesebenzisana kahle namakhansela. (2)
- 4.12 Ubungani phakathi kukaDuma noMbandlwa babuyidunga inhlalakahle/impilo yomuzi kaDuma. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

KANYE

ISIQESHANA H

| | | |
|--------------------|---|---------|
| INDODA YESITHATHU: | <i>(isukume)</i> Ndabezitha! Madoda omkhandlu nawe nduna yethu. Cha, le ndoda ihlangene nalesi silima sakwaMbandlwa, bafuna ukusibuyisela emuva. Kodwa nje, umuntu omubi yilo Hulumeni okhweze abafokazana phezu kwamakhosi ethu. Ukube laba bafokazana bayawahlonipha amakhosi ethu, ngabe nabo basebenza kahle phakathi kwezizwe. Nathi-ke ngeke siyivumele eyokwedelelwa kwamakhosi ethu. Bukani nje, induna ehloniphekile kanjena isilale esitokisini ngenxa yezigcwaneki. <i>(aqondise enduneni, aze abheke ngakuyo)</i> Mzizi! Mzizi! Thina singakuwe! <i>(abuye abhekise enkosini)</i> Ndabezitha! Mina ngithi mbizele lapha komkhulu lo Duma. | 5 10 |
| SHANDU: | Ngiyezwa ndoda kodwa mina bengingathandi ukumbiza ngoba kuzofana nokuthi ngizomphoqa noma ngizomfunza okufanele akwenze. Yena akagwinye noma-ke akhafule leli gwebu lezinto ezindala. Leli gwebu liyamlawula. Ngempela limlawulela eweni. Omunye engimsolayo yile mpohlo yakwaMbandlwa. <i>(ambheke)</i> Dlamini! Beka nawe. | 15 |
| DLAMINI: | <i>(asukume)</i> Ndabezitha! Nami ngivumelana nawe. Ukumbizela komkhulu kuzomkhukhumeza. Akayekwe enze okufanele. Cishe osekwenzekile kuzomvusa. | 20 |
| SHANDU: | (Indoda ebikhulume kuqala iphakamise isandla.) Kulungile-ke Dlamini, uma usho njalo. <i>(akhombe ophakamisile)</i> Khuluma ndoda. | 25 |
| INDODA YOKUQALA: | <i>(isukume)</i> Ndabezitha! Nami ngivumelana noNdabezitha kanye nenduna yethu. Ngeke aphinde awubize umhlangano ngaphandle kwemvume yakho Ndabezitha. Okwenzekile kwexwayisa nesindlebende kwabo. Nakuba kubukeka kunokuthula esizweni, kodwa kukhona ukuvungama okukhona. Ngakho-ke uDuma naye uhlala nathi lapha ... | 30 |

- 4.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI inkulumo yendoda yesithathu kulesi siqeshana. (2)
- 4.14 Yini eyenza inkosi uShandu ingahambisani nombono wokuthi ibizele uDuma komkhulu? (2)
- 4.15 Amazwi/Amagama kaDlamini athi: 'Cishe osekwenzekile kuzomvusa,' ayahambisana yini nalokho okwenziwa nguDuma emva kokuphuma kukaDlamini ejele? Sekela impendulo yakho. (2)
- 4.16 Ucabanga ukuthi yini okwakumele yenziwe uHulumeni ukulamula inkosi uShandu noDuma kulo mdlalo ukuze kugwemeke ukuchitheka kwegazi? (2)
- 4.17 Ukwazile yini umbhali walo mdlalo ukusebenzisa imiyalelo yokwenzeka enkundleni ukusivezela okwenziwa abalingiswa kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

- 4.18 Umfundi webanga leshumi nambili angayiqonda kangcono intando yeningi emva kokufunda lo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 4.19 Uyagculiseka yini ngesixazululo sezinkinga esitholakala esiphethweni salo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)
- [35]**

UMBUZO 5: ICALA KALIBOLI – VM Mbhele

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA I

| | |
|---|----|
| MBHELE: Yini ngisole sengathi udinga okuzokunika umfutho wokukhuluma nje sisi? | |
| SONTO: Umfutho wani manje Mphemba? | |
| MBHELE: (<i>Ekhuluma kunyuke izwi</i>) Hhayi bo! Kanti lowaya muntu akangenanga yini lapha endlini? | 5 |
| SONTO: Hhayi bo! Uma usungithethisa kangaka izothini manje ingane? | |
| MBHELE: Nakhu ngigulelwa unkosikazi ephathwa izindlebe bo! Umbuzo wami uthi kanti lowaya mlisa akangenanga yini lapha endlini? Musa-ke ukungitshela indaba yoZinhle abazothini lapha. Ngiphendule-ke. Akangenanga umlisa wesibhamu? | 10 |
| SONTO: Ungenile. | |
| MBHELE: Wafike wathini? | |
| SONTO: Kukhona amfunayo. | |
| MBHELE: Sonto, wakhulumisa okwengane nje? Chaza konke okufanele ngikwazi. | |
| SONTO: (<i>Ekhuluma engazwakali</i>) Hhayi, uthe kunabafana abajahayo, manje ubebheka ukuthi abangenanga yini lapha. | 15 |
| MBHELE: Ukuze ilunge le nto ake ngithinte abomthetho bazoyilungisa yonke le nto. (<i>Akhiphe iselula ephaketheni</i>) | |
| SONTO: Cha! Sithandwa sami asikho isidingo. (<i>Abambe isandla sikaMbhele esineselula</i>) | 20 |
| MBHELE: Yini indaba sengathi kukhona okufihlayo nje sisi? | |
| SONTO: (<i>Ezikhalkhalisa</i>) Akukho myeni wami. Ukuthi isibhamu saleya ndoda singithuse kakhulu. Ngisadidekile namanje ingakho kungathi angazi ukuthi kumele ngithini. Manje amaphoyisa azongibuza imibuzo eminingi. (Washo esikhihla isililo) | 25 |
| MBHELE: (<i>Afake iselula ephaketheni bese anga uSonto.</i>) Ubungasho ngani sonke lesi sikhathi ngize ngikuthethise kangaka s'thandwa sami? | |
| SONTO: (<i>Eciphiza</i>) Ngisadidekile namanje Mphemba wami. | |

- 5.1 Bhala isithakazelo sakwaMbhele esikulesi siqeshana. (1)
- 5.2 Ngubani uZinhle okuvela igama lakhe kulesi siqeshana osifundile? (1)
- 5.3 Ngokwalesi siqeshana uSonto wathi uMthofi ubezofunani kwaMbhele? (1)
- 5.4 Babunjani ubudlelwane phakathi kukaMthofi noSonto? Sekela impendulo yakho. (2)
- 5.5 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi uMbhele ashintshe incwadi yakhe yefa. (2)
- 5.6 Tomula umusho esiqeshini ofakazela ukuthi uMbhele ubona sengathi amaphoyisa angabasiza kule nkinga ababhekene nayo. (1)

- 5.7 Chaza okungefani phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo: USonto noMaNsibande. (2)
- 5.8 Ubukhona bukaDlamini kulo mdlalo kwaba namthelela muni esimweni senhlalo phakathi kukaMbhele noSonto? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 5.9 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isimo sokukhuluma esithi: Washo **esikhihla isililo**, sisho ukuthi ...
- A wacula kakhulu.
B wakhala kakhulu.
C wagijima kakhulu.
D wadla kakhulu. (1)
- 5.10 Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 5.11 Yikuphi kulo mdlalo okukhombisa ukuthi uZinhle uyingane yesimanjemanje? (2)
- 5.12 Ubungani phakathi kukaToronto noMthofi babuyidunga inhlalakahle/impilo yomuzi kaMbhele. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

KANYE**ISIQESHANA J**

(KwaMbhele entathakusa. UMbhele usanda kuphuma elibangise edolobheni. USonto uhleli elawunji, ulokhu ejeqeza iwashi. Kukhale iselula yakhe. Ayiphendule.)

- SONTO: Hello.
- MBHELE: *(Ephfumulela phezulu.)*
- SONTO: Kwenzenjani, waphefumulela phezulu? 5
- MBHELE: Sonto kunemoto engingayitholi kahle la elokhu ingilandela.
- SONTO: *(Ezithukisa)* HHayi bo sthandwa sami, iqale nini?
- MBHELE: Ilokhu ingilandele ngiqeda kusuka nje lapho ekhaya.
- SONTO: Mhlawumbe iyazihambela nje.
- MBHELE: Lutho, ilandela mina. 10
- SONTO: Wazi kanjani ngoba ziningi izimoto emgwaqeni?
- MBHELE: Yonke imigwaqo engiyingenayo iyangilandela.
- SONTO: Manje uzokwenzanjani?
- MBHELE: Ngizo ... Awume, nanso ingimisa.
- SONTO: Yima uzwe ukuthi bathini. 15
- MBHELE: *(Ethukile)* Uma sebengibulala laba bantu?
- SONTO: Azikho yini ezinye izimoto ezikhona emgwaqeni?
- MBHELE: Zona zikhona.
- SONTO: Ngeke bakwenze lutho uma kukhona izimoto ezidlulayo.
- MBHELE: Kulungile, ake ngime ngizobuye ngikufonele uma ngiqeda ukukhuluma nabo. 20
(Avale ucingo amise imoto)

| | | |
|---------|---|----|
| SONTO: | Sengathi bangelenze iphutha oMthofi. Sengathi kungalunga konke njengokuhlela kwethu. Awu, ngingake ngiphume ezinkingeni uma kungahamba kahle konke njengezifiso zami. (Emva kwesikhashana lukhale futhi ucingo lukaSonto aluphendule) Hello | 25 |
| MTHOFI: | Sesiyibulele le nja yakho. | |
| SONTO: | Niqinisekile ukuthi ufe ngempela? | |
| MTHOFI: | Hawu, ngingakufonelelani uma ngingenasiqiniseko? Umbuzo onjani nje lowo? | 30 |
| SONTO: | Cha, ngifuna ukuba ne-sure ukuthi konke kuhambe kahle. | |
| MTHOFI: | Yizwa ngami, konke kuhambe kahle. | |
| SONTO: | Niwenze kanjani umsebenzi? | |
| MTHOFI: | (Ehleka) Eyi, kasidlali thina. Simhlabe ngamalambu, sayimisa imoto yakhe. Ube wukuma nje kasabe sisalinda lutho. | 35 |

- 5.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI inkulumo kaMbhele kulesi siqeshana. (2)
- 5.14 Yini eyenza uSonto athi kuMbhele akame ezwe ukuthi bathini laba bantu abammisayo? (2)
- 5.15 Amazwi/Amagama kaMthofi athi: 'Yizwa ngami, konke kuhambe kahle' ayahambisana yini nalokho okwenziwa nguMthofi kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)
- 5.16 Ucabanga ukuthi yini okwakumele yenziwe umfundisi nalabo ayebambisene nabo ezimalini ukugwema ukuthathwa kwemali yizigebengu? (2)
- 5.17 Ukwazile yini umbhali walo mdlalo ukusebenzisa imiyalelo yokwenzeka enkundleni ukusivezela okwenziwa ngabalingiswa kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)
- 5.18 Umfundi webanga leshumi nambili angayiqonda kangcono imiphumela yokuthanda imali kakhulu emva kokufunda lo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 5.19 Uyagculiseka yini ngokwenzeka esiphethweni salo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

[35]

UMBUZO 6: ISIKO NELUNGelo – N Zulu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA K

(KukwaZungu uMaMbatha ukhuluma noThenjiwe)

| | | |
|-----------|---|----|
| THENJIWE: | Mina akukho muntu ongidukisayo. Indaba yokungenwa angiyifuni nje. Yayimbi-ke indaba kasisi. | |
| MAMBATHA: | Kodwa uziphuthisele ngomuntu ophilayo makoti. | |
| THENJIWE: | Akaphileli mina. | 5 |
| MAMBATHA: | NoSipho wakho lowo ugula kabi ejele. Bheka nje le ngane yabantu esiboshwe ngenxa yakho. | |
| THENJIWE: | Indaba kaSipho ingiphethe kabi impela. Naye wagcina esengincenga ethi angishintshe ngala. Sengathi bangasheshe bamdedele. | |
| MAMBATHA: | Angiboni ukuthi uzosheshe aphume ejele. <i>(Kungene uDumisani)</i> | 10 |
| DUMISANI: | Ake ngikuncenge okokugcina Thenjiwe. | |
| MAMBATHA: | Ungazihluphi mntanami uhlanya lolu ngilubona kahle. | |
| THENJIWE: | <i>(Ehwaqa)</i> Wena Dumisani sengiyakuzonda nje. Uqale wafaka mina osizini nazo izihlobo zami. Umngani wami omkhulu uSipho, uboshiwe ngikhuluma nje. | 15 |
| DUMISANI: | Ngigane phela, bazophuma bonke abantu osizini. | |
| THENJIWE: | Inkinga ukuthi asithandani Dumisani. Singaganana kanjani? | |
| DUMISANI: | Phela ngeke ubone ukuthi ngiyakuthanda ungangithandi. | |
| THENJIWE: | Ngasuke ngathandwa kakhulu umfowenu, manje ngeke usalunga wena ngoba ujabulisa abazali bakho manje. | 20 |
| MAMBATHA: | Usho ukuthini uma uthi ujabulisa abazali bakhe? Kanti uhlanya ngempela? | |
| THENJIWE: | Kunjalo vele! | |
| MAMBATHA: | Uhlushwa yinkani nje wena. | |
| DUMISANI: | Yehlisa umoya phela Thenjiwe. | 25 |
| THENJIWE: | Nizongihlanganyela lapha. <i>(Akhale)</i> Lonke lolu sizi ludalwa yini. | |
| MAMBATHA: | Wena asekulahlile amadlozi. Akusekho okuyokulungela. | |
| THENJIWE: | Kungcono ngiziyele kithi <i>(Akhale)</i> | |
| DUMISANI: | Angithi bakubuyisile ekhaya. | |
| THENJIWE: | Ngizoduka nezwe okungcono! | 30 |

- 6.1 Iyiphi le nkinga athi uThenjiwe izokwenza kube lukhuni ukushada noDumisani ngokwalesi siqeshana osifundile? (1)
- 6.2 Ngubani lo MaMbatha okuvela igama lakhe kulesi siqeshana? (1)
- 6.3 Ngokwalesi siqeshana ukuphi uSipho njengoba oDumisani beqhubeka nengxoxo yabo? (1)
- 6.4 Babunjani ubudlelwane phakathi kukaThenjiwe noDumisani ekuqaleni kwalo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 6.5 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi abantu bakule ndawo bangalixwayi isiko lokungenwa. (2)

- 6.6 Tomula umusho esiqeshini ofakazela ukuthi ziningi izinkinga ezingaxazululeka uma uThenjiwe engavuma ukugana uDumisani. (1)
- 6.7 Chaza okungefani phakathi kwalaba balingiswa abalandelayo: uMaMbatha noMaMkhize. (2)
- 6.8 Ubukhona bukaNondumiso kulo mdlalo kwaba namthelela muni esimweni senhlalo phakathi komndeni wakwaZungu nowakwaMondise? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)
- 6.9 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
- Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kuleli binzana elilandelayo sisho ukuthi:
- 'Ngizoduka nezwe okungcono ...'**
- A Ngizoboshwa.
B Ngizohlanya.
C Ngizobaleka.
D Ngizozibulala. (1)
- 6.10 Lutholakala kuphi uvuthondaba kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.11 Yikuphi kulo mdlalo okukhombisa ukuthi uZungu noMondise babesebenzisana kahle? (2)
- 6.12 Ubungani phakathi kukaGugu noThenjiwe babuyidunga inhlalakahle/impilo yomuzi kaZungu. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

KANYE**ISIQESHANA L**

(UZungu noMaMbatha bayaxoxa endlini)

MAMBATHA: Uyagula yini baba awakhuluma nje namuhla?

ZUNGU: Usebuyile yini umakoti?

MAMBATHA: Akakabuyi. Kusho ukuthi ngabe uphethwe kabi ukuhamba kwalolu hlanya lwengane? 5

ZUNGU: Cha impela kwenzeka into embi mkami. Okokuqala asiyazi nokuthi iphi le ngane. Kokunye izithele phezu kwezigebengu zayenzakalisa.

MAMBATHA: Phela lapho ngabe umvundla ziyawunqanda phambili. Yona yini ingasilaleli uma siyitshela ngesiko lesintu.

ZUNGU: Namasiko lawa asefuna ukubhekisiswa. Sengathi akhona 10 asephelelwa yisikhathi manje. Amanye kufuneka achazwe kahle aziwe yibo bonke abantu.

MAMBATHA: Ubona sengathi umakoti akalazi leli siko? Ulazi kahle uyazihlanyisa.

ZUNGU: Mina ngibona sengathi sinecala manje.

| | | |
|-----------|--|----|
| MAMBATHA: | Icala lani? Musa ukudlala wena Manzini. Phela thina asiyixoshanga le ngane lapha ekhaya. Izihambele. Uyangizwa? Izihambele. | 15 |
| ZUNGU: | Umsindo onje uzosixabanisa namadlozi. | |
| MAMBATHA: | Nawo ngabe ayaganga lawo madlozi. Angayeka ukubuyisa uhlanya lukamakoti, axabane nathi? Kanti awalazi yini wona leli siko esilitshela le ntombazane? | 20 |
| ZUNGU: | Mina ngisafuna ukuhlala phansi ngiyichazele kahle intombazane. Kokunye uma isizwe kahle iyobubona ubuhle baleli siko. | |
| MAMBATHA: | Wena ubona sengathi izokulalela njengoba isiwumdlwembe nje? (<i>athi ukuhleka</i>) Kodwa ungichazile uDumisani. Wajika eduze njengenkalkala. | 25 |
| ZUNGU: | Nami ungimangazile impela lo mfana. | |

- 6.13 Fingqa ngamaphuzu AMABILI inkulumo kaZungu kulesi siqeshana. (2)
- 6.14 Yini eyenza uZungu angahambisani nombono wokuthi aphoqwe uThenjiwe ngesiko lokungenwa? (2)
- 6.15 Amazwi/Amagama kaMaMbatha athi: 'Uyangizwa?' ayahambisana yini nesiko lesintu lokuhlonipha? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.16 Ucabanga ukuthi yini okwakumele yenziwe abazali bakaThenjiwe ngaphambi kokuthi agane ukuze kugwemeke le ngxabano ekhona phakathi kwakhe nabakwaZungu? Sekela impendulo yakho. (2)
- 6.17 Ukwazile yini umbhali walo mdlalo ukusebenzisa imiyalelo yokwenzeka enkundleni yokudlalela ukusivezela izenzo zabalingswa kulesi siqeshana? (2)
- 6.18 Umfundi webanga leshumi nambili angayiqonda kangcono intando yeningi emva kokufunda lo mdlalo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
- 6.19 Uyagculiseka yini ngesixazululo sezinkinga esitholakala esiphethweni salo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

[35]**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE**IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUSO 7.2.

UMBUZO 7**7.1 'LAPHO KUKHONA UTHANDO' – NE Mbesa**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

ISIQESHANA M

| | |
|--|----|
| Hawu, usisi yena uyaphi?' kubuza lolo ngqazu lwenziswa. Iluhlaza ngebala. Inentshebe nehwanqa nje. Isho ngamazinyo amhlophe qwa. Iyabukeka. Imfanela nomuntu ake wambona. Konje uzothi wayeyibonaphi? USebenzile ajabuliswe ukuthi kanti kukhona owazi IsiZulu! Uyavakasha noma mhlawumbe?' | 5 |
| Ahleke kuze kuvuthwe izihlathi uSebenzile. 'Ngiya kobona emzini engizoshadela kuwona.' | |
| 'Shono bo! Yaze yaba nenhlanhla le nsizwa bo! Kodwa mina bengizozilandela mathupha.' Ibisikwitiza idlulisela inkulumo kubahlobo bayo. Kuhlekwe kuthi woklo! Bathi ukuxoxaxoxa okungasho lutho. Cha-ke, kuqhutshekwe nohambo, insizwa lena ibe ningi lapha eduze kwakhe ibuye iyoxoxa nabakubo. | 10 |
| Lathi liyoshona ilanga, sasishosholoza kwezikude izinkalo lezi. Usuzwa nangomoya ukuthi amanye amazwe esesiguduza kuwo manje. Sekulalwa, behlukaniswa. Abesilisa bakhishelwa kwenye indlu, kodwa bethenjiswa ukuthi kuzothi kungasa babuye baqhubeke nokuhlalisana ndawonye. Noma sekulalwa ubukwitikwiti. | 15 |
| USebenzile yena akalalanga wuthando lwesoka lakhe abazobe bebonana okokuqala ngqa nalo. Pho ezithombeni akunsizwa yinyakanyaka! Nalelo lizwi layo mhla elizwa ocingweni okokuqala ungafunga uthi uyalizwa namanje. Sengathi uyayizwa mhla bexoxa okokugcina isithi, 'Sesiyobonana khona - ke ehotela Sithandwa sami. Sengilungise yonke into. Angisakwazi ukulinda.' | 20 |
| Ekuseni baphinde bahlala njengoba bebehlezi izolo. Lapho ebuyekeza inkulumo yesoka lakhe uSebenzile amane amoyizele yedwa ephenduphendula izandla zakhe. | 25 |

- 7.1.1 Bhala uhlobo lwesithuthi ayegibele kuso uSebenzile njengoba ekhuluma kulesi siqeshana. (1)
- 7.1.2 Ngokwalesi siqeshana wayeyokwenzani uSebenzile kwaBulawayo? (1)
- 7.1.3 Yikuphi okwathokozisa uSebenzile ngokwalesi siqephu? (1)
- 7.1.4 Xoxa kafishane ngezinkinga ahlangebuzana nazo uSebenzile kulolu hambo lwakhe. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

- 7.1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Isifenqo esitholakala kulo musho: 'Ahleke kuze **kuvuthwe izihlathi** uSebenzile.'
- A Ukwenzasamuntu
B Ukwenzasasilwane
C Ihaba
D Isifaniso (1)
- 7.1.6 Ivezwe kanjani insizwa eyazi IsiZulu kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)
- 7.1.7 Ibaluleke ngani inkulumo mpendulwano kulesi siqeshana? (2)
- 7.1.8 Chaza ngamaphuzu AMABILI ingwijikhwebu etholakala kule ndaba emfishane. (2)
- 7.1.9 Esikhathini esiphila kuso kuphephile yini ukuthi abantu bashade bengazani? Sekela impendulo yakho. (2)
- 7.1.10 Wawungameluleka uthini uSebenzile ngaphambi kokuthatha lolu hambo lwakhe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

KANYE7.2 **'USIHAWU NESIHAWU' – NE Mbesa**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

ISIQESHANA N

'Dadewethu, thula, musa ukubalisa kangaka. Thula kancane ungilalele.'
'Ngilalele maphi wona amazwi akho azokuchaza okudlula osukwenzile? Kodwa Nkosi yami ngisaphilelani? Awuvele ngani usale usungibulala? Hi! Hi! We mama!' Aphinde ayisondeze kuyena ayesule izimpophoma zezinyembezi. Nanxa isikhale kwaze kwadumba amehlo, isalokhu iyinhle 5 njalo nje. Ayihlalise phansi, naye ahlale eduze kwayo.
'Ngicela wehlise umoya ungiphendule. Ngicela ungixolele Dadewethu.'
Iphenduke imbheke intombazane ngokukhulu ukumangala lokhu. 'Mina anginabazali. Ngingu-, nginguBathobile wa-, kwaShandu. Umzali wami wokugcina umama, usanda kushona. Bengihlala naye lapha kwaMaqhilika 10 esebe-nzela i-, iNdiya.' Asho abibitheke futhi umntanomuntu.
'Pho Bathobile uhamba ubaleka unqamula wedwa emahlathini nje, kwenzenjani?'
Ikhale intombazane sengathi ayisayuthula. Ithathe ithi, 'Ngiyocela indawo yokuhlala komalume laphaya eKupholeni. Hi! Hi! Sengi-, 15 sengizithela kolunye nje usizi. Bekungenani nokuba ngishaywe yinyoka yangibulala, kuno-, kunokuba ...

Futhi ngiyakwazi wena. Uyindodana yenkosi yakwaLuthuli. Ngenzele umusa, sale usungibulala.'

Ubuye wonke umqondo kuSihawu. Luthi alumqede uvalo. Kanti le 20 ntombazane iyamazi? Pho enze njani? Cha, elukamabulala lelo elishoyo alikaze lilunguze ngisho ukulunguza emqondweni wakhe. Yonke le nto idalwa ukungayivumi inkinga azobhekana nayo impilo yakhe yonke. Kubuye kuthi dwi futhi. Habe! Konje angase aboshwe ngalesi senzo?

- 7.2.1 Ubani igama lale ntombazane ekhalayo kulesi siqeshana? (1)
- 7.2.2 Yathi yayiyaphi le ntombazane ngesikhathi izithela kuSihawu? (1)
- 7.2.3 Zindaba zini uSihawu ayezithole kudokotela ezazimenza apha theke kabi ngesimo sakhe? (2)
- 7.2.4 Babazana kanjani oSihawu noDokotela owamhlola isimo sakhe? (2)
- 7.2.5 Ngubani umlingiswa oqavile kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (3)
- 7.2.6 Chaza kafushane ngamaphuzu AMABILI udweshu olwasuka phakathi kukaBathobile nomalume kazi wakhe ngesikhathi efika ezocela indawo yokuhlala. (2)
- 7.2.7 Uthini umbono wakho mayelana nenani labalingiswa abatholakala kule ndaba emfishane? Sekela impendulo yakho. (2)
- 7.2.8 Ukuhlupheka kukaBathobile nezigemegeme ezazenzeka kuyena kwaba namthelela muni empilweni yakhe? (2)
- 7.2.9 Ukwazile yini umbhali ukugcina umgomo wendawo endabeni emfishane kule ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO**AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA – EJ Mhlanga noJJ Thwala****UMBUZO 8**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUSO 8.2.

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Ngiyogiya Ngiqephuze – NL Luthuli

- | | |
|----|--|
| 1 | Ngiyogiya ngiqephuze, |
| 2 | Ngihay' izibongo. |
| 3 | Ngingqabashiye ngihalalise ngokuqhashambula |
| 4 | Sengiphumelel' ukufez' ezeminyak' izifiso |
| 5 | Nezinhloso zami ngelokujaja ilanga. |
| 6 | Senginqwanjisiwe umnqwamb' oqavile. |
| 7 | Sengiyikazel' iminyezane yakomfundo. |
| 8 | Ngiyogiya ngiqephuze. |
| 9 | Ngigiye ngiqephuze ngiqeketh' izindaba |
| 10 | Ngigiye ngilokoth' amagam' angalokothwayo |
| 11 | Alab' abayibekile induk' ebandla. |
| 12 | Abachathazil' emagulen' abo ezangqondo |
| 13 | 'Ze ngiqwal' eqonsayo imimango. |
| 14 | Ngiyogiya ngiqephuze. |
| 15 | Ngigiye kuyiyize omame nezalukazi. |
| 16 | Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwilili. |
| 17 | Usho mfo kaShandu ukuth' uyalazi leli |
| 18 | Bhobhodleyana lakoMshibe. |
| 19 | Usho liphekwe kweyakh' imbiza |
| 20 | Ugiye kanye nalo ngaphimbo linye |
| 21 | Ningqabashiye 'ze nakwabezay' ixoxw' indaba. |

- | | | |
|-------|---|-----|
| 8.1.1 | Yiliphi igama elisenkondlweni elisho ukusina okunenjabulo? | (1) |
| 8.1.2 | Fingqa umqondo osobala wenkondlo esitanzeni soku-1 ngamaphuzu AMABILI. | (2) |
| 8.1.3 | Tomula umugqa okhombisa ukuthi imbongi ifuna ukukhuluma okungakaze kukhulunywe muntu esitanzeni sesi-2. | (2) |
| 8.1.4 | Tomula imigqa EMIBILI evulekile esitanzeni sesi-3. | (2) |
| 8.1.5 | Imbongi iyisebenziseleni impindwa kule nkondlo yayo? | (2) |
| 8.1.6 | Umfo kaShandu lo wayenabudlelwane buni nembongi? | (2) |
| 8.1.7 | Bhala uhlobo lwesifenqo olutholakala kulo musho olandelayo: 'Usho liphekwe kweyakh' imbiza ' | (1) |

- 8.1.8 Ukufunda kwembongi kungaba namuphi umthelela emndenini wayo? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
- 8.1.9 Imbongi iphumelele yini ukugqamisa indikimba yayo kule nkondlo? Yisho le ndikimba bese wesekela ngamaphuzu AMABILI. (3)

KANYE

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

Inhlansi Yakho Thuli – SB Mlambo

- 1 Ngisathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni
- 2 Ngishiywe nguNontando dengwane
- 3 Amehlo anezithukuthuku zosizi,
- 4 Ngingaboni lutho wufasimba,
- 5 Kujuluke namehlo.
- 6 Ngakubona buqamama.
- 7 Ngakubona uyinhlansana.
- 8 Ngasondela, ngakubona ucwebezela.
- 9 Ngamangala, ngankema.
- 10 Ngakubona ungena kimi ngamehlo.
- 11 Ngezwa usuyifudumeza inhliziyo.
- 12 Yokhela, yalanguz' ilangabi.
- 13 Ngabuzwa ubulangulangu
- 14 Ngaziba, lakhula ilangabi.
- 15 Kokheleka nakweziny' izitho.
- 16 Ukunyamezela kwangiphika.
- 17 Ukubekezela kwanyamalala.
- 18 Wadlondlobala umlilo ngazidela.
- 19 Ngayihlomisa eyomlomo.
- 20 Ngayiphaka ezikhotheni zakwenu.
- 21 Ngakujuma ungazelele.
- 22 Ngakucoboshisa ngeyamazwi.
- 23 Ngagadla ngengedla wapaquza,
- 24 Ngabasela ngewisa ngakuguqisa,
- 25 Ngagwaza ngesijula
- 26 Nganqoba ngingeqhawe.
- 27 Ngazihasha ngingembongi,
- 28 Yahlokom' imvelo.
- 29 Kwabakuhle konke.
- 30 Ngayithumb' eyakho inhliziyo,
- 31 Ngayokhelisa yokhela.
- 32 Kwahlangan' ilangabi.
- 33 Mawungacishwa muntu,
- 34 Mawungacishwa mvula nomoya.

- 8.2.1 Bhala igama elisenkondlweni elisho umuntu ongasenabazali? (1)
- 8.2.2 Ngokwale nkondlo yini eyenziwa nguNontando kule mbongi? (1)
- 8.2.3 Bhala izinto EZIMBILI ezenzeka kuyo imbongi emva kokusondelana kwayo noThuli. (2)
- 8.2.4 Chaza ngamaphuzu AMABILI okushiwo yimbongi ngokujulile/ngokucashile emigqeni we-11 kuya kowe-15. (2)
- 8.2.5 Tomula imigqa enokuxhumana okutholakala esitanzeni sesi-2, dwebela amagama aveza ukuxhumana bese usho ukuthi luhlobo luni lokuxhumana. (2)
- 8.2.6 Bhala imigqa enemvumelwano sigcino etholakala esitanzeni sesi-4 bese udwebela amalunga/imisindo evumelanayo. (2)
- 8.2.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Umugqa othi: **Ukunyamezela kwangiphika** usho ...
- A wafikelwa ukwethuka nosizi.
B wahluleka ukuthula nokuzibamba.
C washesha ukujabula nokumangala.
D wadumala ukubona intokazi. (1)
- 8.2.8 Xoxa ngomyalezo wale nkondlo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
- 8.2.9 Uyavumelana yini nokuthi le nkondlo inomoya wothando? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)
- 8.2.10 Ngabe ukuziphatha kwembongi okutholakala esitanzeni sesi-5 kwamukelekile yini? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70